# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *16/2014 Intshumayelo ngesonto elithiwa Seksagesime, ngomhla ka 23. 02. 2014*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 140/123

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Mthathwemunye, wena onguYise neNdodana noMoya oNgcwele, nanamuhla sisondela phambi kobuso bakho, Baba, ukulizwa izwi lakho. Vula-ke izindlebe zethu ukuze sizwe izwi lakho elisithumayo nanamuhla, uvule nemilomo yethu ukuba sishumayeze abantu bezizwe zonke izwi levangeli lakho elisindisayo, ukuba bezwe ngawe, wena Msindisi wabantu bonke, babizelwe ekukholweni nguwe, bazinikele ekubhapathizweni egameni lakho, bagcine ngokusindiswa okuphakade ngokukholwa nguwe. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kumaHeberu 4:12-13;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 8:4-15.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 142/125

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kuzo izEnzo zabaphostoli 16:9-15, lithi: "Kwabonakala kuPawulu umbono ebusuku; indoda ethile yaseMakedoniya eyayimi imncenga yathi: Welela eMakedoniya, usisize. Lapho esewubonile umbono, safuna masinyane ukuya eMakedoniya, sathi uNkulunkulu usibizile ukuba sibashumayeze ivangeli. Khona samuka eTrowa ngomkhumbi, saqonda eSamotrake, ngangomuso safika eNeyapholi. Sisuka lapho saya eFilipi elingumuzi oyikhanda lesifunda saseMakedoniya, ikoloni. Kulowomuzi sahlala izinsuku ezithile. Ngosuku lwesabatha saphumela ngaphandle kwesango ngasemfuleni, lapho sathi babevama ukukhuleka khona; sahlala phansi, sakhuluma kubo abesifazane ababebuthene. Owesifazane othile ogama lakhe linguLidiya, engumthengisi wezibubende, wasemzini waseThiyathira, okhonza uNkulunkulu, walalela, iNkosi yayivula inhliziyo yakhe ukuba aqaphele okwakhulunywa nguPawulu. Kuthé esebhapathiziwe kanye nendlu yakhe,

wasincenga wathi: Uma nithi ngikholekile eNkosini, ngenani endlini yami, nihlale khona; wasicindezela." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, namuhla sekuyisonto elithiwa Seksagesime. Kanjalo nathi nanamuhla kulesisikhathi somnyaka wekerike, ake siphakamise amaphimbo ethu ngokusha, sisho sithi: Makabongwe uNkulunkulu uYise onguMdali wethu, noNkulunkulu iNdodana onguMsindisi wethu, noNkulunkulu uMoya oNgcwele onguMgcwelisi wethu. Manje-ke ake sibhekise amehlo ethu kuwo amazwi entshumayelo yanamuhla esisand' ukuwezwa. Lamazwi akhishiwe encwadini yezEnzo zabaphostoli. Kulamazwi kuyalandwa ngomsebenzi womphostoli uPawulu wokuyisa ivangeli kubo abezizwe. Namuhla-ke umphostoloi simfumana ebizwa nguNkulunkulu ngombono ukuba aye eMakedoniya, ashumayele ivangeli nakhona. Kunjalo, yiwo umyalo uJesu awunikile abafundi bakhe emva kokuvuka kwakhe kwabafileyo engakenyukeli ezulwini, wathi: Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhapathizwe uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa. Yebo bandla, lomyalo usasebenza nakithi namuhla, uthi na? Uthi: **Hambani nishumayeze abantu bezizwe zonke ivangeli.**

1. ukuba babizelwe ekukholweni nguKristu;

2. ukuba bazinikele ekubhapathizweni.

1. Hambani nishumayeze abantu bezizwe zonke ivangeli, **ukuba babizelwe ekukholweni nguKristu.** Bathandekayo eNkosini, kuwo amazwi entshumayelo yanamuhla sizwa ukuthi umphostoli uPawulu eseTrowa, kwabonakala kuye umbono ebusuku, indoda ethile yaseMakedoniya eyayimi imncenga, ithi: Welela eMakedoniya usisize. Emva kokubona lowombono, uPawulu nababenaye basukuma khona lokho bawelela eMakedoniya, bethi: UNkulunkulu usibizile ukuba sibashumayeze ivangeli nakhona. Bahamba-ke beshumayela ivangeli, baze bafike eFilipi.

Bandla elithandekayo, nanamuhla nathi sibiziwe nguNkulunkulu ukuba sishumayeze abantu bezizwe zonke ivangeli, sidlulisele lomyalezo kaNkulunkulu kubo bonke abantu, wokuthi uNkulunkulu akafuni ukufa kwethu, kepha ufuna ukuba siphile ngokukholwa nguJesu Kristu, uMsindisi wabantu bonke. Yebo, lelizwi liyasithuma wena nami namuhla ngokusha, lithi: Sukuma, hamba, tshela abantu bonke endaweni lapho uhlala khona ivangeli, ebandleni lapho

usonta khona, esikoleni lapho ufunda khona, emsebenzini lapho usebenza khona, eSwazini, eBotswana, kaNgwane, noma kuphi. Washo njalo uJesu, wathi: Nibe-ngofakazi bami, niqale eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya, kuze kube sekugcineni komhlaba. Okusho ukuthi lelivangeli, lendaba enhle ngoJesu Kristu ayikhethi isizwe esithile, kodwa imelwe ukumenyezelwa eziziweni zonke, kuze kube sekugcineni komhlaba, kube ngubufakazi ngaye uJesu, anduba kufike ukuphela. Ungathuli, ngoba bayokhuleka kanjani egameni lakhe abangakholwanga nguye na? Bayakukholwa kanjani abangezwanga ngaye na? Bayakuzwa kanjani kungekho oshumayelayo na? Bayakushumayela kanjani, uma bengathunywa na? Yebo, nezwi elilandelayo lisasithuma, lithi:

2. Hambani, nishumayeze abantu bezizwe zonke ivangeli, **ukuba bazinikele ekubhapathizweni.** Bandla, izwi lokugcina kulo iphistola lanamuhla liyasifundisa ukuthi labo abazinikele bakholwa nguJesu Kristu, bamelwe ukuzinikela ekubhapathizweni. Yikho okwenzekile ngalenkosikazi uLidiya. Kuthiwani ngaye na? "Owesifazane othile ogama lakhe linguLidiya, engumthengisi wezibubende, wasemzini waseThiyathira, okhonza uNkulunkulu, walalela, iNkosi yayivula inhliziyo yakhe ukuba aqaphele okwakhulunywa nguPawulu. Kuthé esebhapathiziwe kanye nendlu yakhe, wasincenga wathi: Uma nithi ngikholekile eNkosini, ngenani endlini yami, nihlale khona; wasicindezela." Bandla, uLidiya wayengumame owakhonza uNkulunkulu, walalela, waqaphela okwakushunyayelwa nguPawulu. Khona-ke uNkulunkulu wayivula inhliziyo yakhe, walamukela izwi likaNkulunkulu, wabhapathizwa nabendlu yakhe.

Kunjalo, iNkosi uJesu wayala ukuba abantu bezizwe zonke bashunyayezwe ivangeli, bakholwe nguJesu Kristu, babhapathizwe egameni likaYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Yebo, yikho okwenzekile ngentshumayelo kaPawulu eFilipi, yikho okwenzekile ngoLidiya nangomgciniziboshwa eFilipi, babezinikela ekubhapathizweni kanye nabendlu yabo.

Mfowethu, dadewethu, wena ongakabhapathizwa, lelizwi liyakubiza namuhla, likubizela embhapathizweni, ukuba nawe ubhapathizwe egameni loMthathwemunye, ukhululwe kukho ukufa, nakuye uSathane, uthethelelwe izono zakho, ube nokuphila okuphakade. Sukuma manje, ungasho ukuthi kusasa! Kholwa yiNkosi uJesu khona uzakusindiswa. Bheka, manje kuyisikhathi esihle kakhulu! Bheka, manje kulusuku lwensindiso.

Kanjalo nawe, wena obhapathiziwe, lelizwi liyakubiza ngokusha ukuba ubuyele embhapathizweni nasentetehelelweni yezono. Liyakubiza ukuba ucwilise, uminzise umuntu omdala ophakathi, ngokwenzani na? Ngokudabuka nangokuphenduka imihla ngemihla, ukuba afe kanye nezono zonke, nokufisa kwakho konke okubi, ukuze kuvuke phakathi kwakho umuntu omusha olungile, ohlanzekile njalo. Ngokokugcina-ke nani: Hambani, nibe ofakazi bakaJesu Kristu kubantu bezizwe zonke, nifakazele ivangeli lakhe ukuba babizelwe ekukholweni nguJesu Kristu, yena owafa, wavuka ngenxa yethu sonke, bazinikele ekubhapathizweni egameni lakhe. Kungumsebenzi, kwakungumsebenzi nakubo abaphostoli ngalesosikhathi, kungumsebenzi nakithi namuhla. Singephumelele ukuba ofakazi bakaJesu ngamandla ethu. Ngakho-ke nathi siyamswela yena uMoya oNgcwele. Ake simcele ngokusha ukuba kube nguye osiholayo novulayo imilomo yethu ukuba sishumayeze abantu bezizwe zonke ivangeli, ukuba babizelwe ekusindisweni okuphakade ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu sonke. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga, ngoba wasipha iNdodana yakho uJesu Kristu, ukuba bonke abakholwa yiyo basindiswe. Sibonga izwi lakho osiphe lona nanamuhla ukuba lishunyayelwe emhlabeni wonke. Nkosi, sicelela labo abasahlezi ebumnyameni, bengakamazi uMsindisi wabo uJesu Kristu. Thuma kubo izithunywa zakho, ubavulele izinhliziyo zabo ukuba balamukele ivangeli lensindiso. Holela ekukhanyeni kwakho izizwe zonke ukuba zibone ukufa kwazo, zibalekele kuwe, Msindisi. Phemba kithina uthando oluvuthayo ukuba sikhuthalele ukuqhuba umbuso wakho, sinakekele abasekufeni nasekuboshweni nguSathane. Nkosi yokuvuna, thuma izisebenzi eziningi ziye ekuvuneni kwakho, ubusise izithunywa zakho ezishumayela izwi lakho, ukuze kuthi nasekuvuneni kwakho kokugcina kuhlanganiswe isixuku esingenakubalwa esivela ezizweni zonke, sibe-mhlambi munye nomalusi munye khona ezulwini. Uzamukele izicelo zethu ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 259/106

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1996 ngu-F. J. Mtshali.
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.